

INDLOVUKAZI YASESHEBA



Hlalani phansi.

Ngiyabonga, Mfowethu Vayle.

² Futhi ngineqiniso ukuthi akekho ophumayo kulobubusuku ukuba nje abonwe, ngubusuku obubi kakhulu. Futhi uNkulunkulu abusise imiphefumulo yenu eyiqhawe ngokugugula lesisiphepho seqhwa ukuba size ukuzozwa iZwi leNkosi. Futhi ngithemba ukuthi emva kokuba lempilo isiphelile ukuthi ngizohlangana nani eNdaweni lapho singeke sadingeka ukuba sibhekane neziphepho zeqhwa ukukhonza iNkosi; Lokho ngikubiza ngokuthi obangempela, ubuKristu bangempela. Awuphumeli nje ukuba ubonwe ebusukwini obunjengalobu, noma kanjalo ngenxa yelukuluku. Futhi ngineqiniso ukuthi iNkosi izosibusisa ekubuthaneni kwethu ndawonye kulobubusuku.

³ Futhi manje, ngithe nje ukusha izwi kancane, futhi ngeke ngithathe kodwa nje imizuzu embalwa yesikhathi ukukhuluma, futhi khona-ke ngizo, sizoba nomugqa womkhuleko.

⁴ Futhi manje, nina bantu onamakhadi enu omkhuleko, ngenkathi sisagijima ngakulemigqa yokubona okufihlakele, sicosha ndawondawo iqembu labambalwa *lapha nalapho* ukuba likhulekelwe, bamba ikhadi lakho lomkhuleko, ngoba sizokhulekela wonke lowo onamakhadi omkhuleko, ngakho gcina nje ikhadi lakho lomkhuleko.

Asikhuleke manje.

⁵ Nkulunkulu obusisiweyo, kungukuKubonga, nokudumisa kwezinhliziyi zethu kuya kuWe. Lapho sibona abantu beza bedlula eqhweni, nemigwago eshelelayo ukuba beze bazokhonza Wena enkonzweni, kuyakhombisa, Nkosi, ukuthi ukukholwa kobaba bethu kusaphila. Naphezu kwamatilongo, noma izinkemba, noma iziphepho iBandla elikhulu likaNkulunkulu limasha liya phambili. Futhi sijabula kakhulu ukuba yilunga lalowoMzimba obusisiwe, sibheke kafushane ukufika kweNkosi yethu ebusisiweyo, Ezosemukela phezulu eMbusweni waYo, eBukhoneni baYo, lapho siyoke sibe naYo.

⁶ O, imicabango ekhazimulayo nenjabulo eshanela emiphefumulweni yethu lapho sibheka lezizithembiso, noMoya oNgcwele usifakazela ukuthi ziyiqiniso! Bese kuthi-ke, kulobubusuku, Nkosi, khuluma kithi eZwini laKho, futhi uphulukise bonke abagulayo nabadingayo olapha, kwangathi ngamunye wabo angemukela umvuzo ngokuphuma kulobubusuku. Uma ekhona ongasindisiwe, kwangathi

bangathola lowo omkhulu, umvuzo waPhakade wokusindiswa ezonweni zabo.

⁷ Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzomisa leliqhwa, uthumele imvula, futhi uligeze, ukuze sibe nobusuku obuhle sisaphethe lemvuselelo eGameni laKho. Busisa abantu bakithi olapha, abazalwane bethu nodadewethu, abantwana baKho, njengoba beza enhlanganyelweni ngaseZwini, kwangathi bangavikelwa kulemigwaqo eshelelayo kulobubusuku beya emakhaya abo, bavikele ukuthi akukho-kulimala nangozi eza kubo. Siphe khona, Nkosi, futhi usiphe isibusiso esikhulu.

⁸ Manje sizovula iZwi, futhi akukho-muntu ongaLivula ngaphandle kwaKho, singaphenya amakhasi uma sikwazi ngokomzimba, kodwa Wena wedwa, Nkosi, ungasivulela imiBhalo. Nakuba besingaLifunda izikhathi eziningi, Beliyofihlwa emehlweni ethu, ngaphandle uma UbuyoLivula, futhi siyakhuleka, ukuthi Uzosivulela iZwi, futhi kwangathi singahlanganyela ngakuLo. Ngokuba siyakucela, eGameni loMntwana waKho obusisiweyo, uJesu Kristu, uMsindisi wethu. Amen.

⁹ KwelikaMathewu oNgcwele, isahluko 12, okokufunda umBhalo okuncane nje, ngifisa ukufunda ivesi 42, bese kuthi-ke, ukuphawula ngalokhu imizuzwana embalwa nje, futhi khulekani nami.

Futhi indlovukazi yaseningizimu iyakusukuma ekwahlulelweni kanye nalesisizukulwane, isilahle: ngokuba yavela emikhawulweni yomhlaba izakuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni; futhi, bhekani, lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni.

¹⁰ Kwangathi iNkosi ingenezela izibusiso zaYo ekufundweni kweZwi laYo.

¹¹ Manje, amateyipu uMnu. Goad lapha, noMnu. Mercier banawo, bawathatha emilayezweni ekuqopheni, banamakhulu avela ezweni lonke. Agqamile ayeseChicago, maduze nje, kukhona i—iqembu lamahlanu awo, uma nina bantu niwafuna okokuqopha, noma, iziqophi zenu. Sasinezipikha namamayikhi iPA ezinhle ngempela futhi lonke izwi lalicacile. Bese kuthi-ke, banawo, futhi bawathengisa ngokushibhile nje ngangokunokwenzeka.

¹² Ngafaka isicelo seyodwa kumvangeli othize esikhathini esingeside esedlule, futhi ngakhokha amadola ayisishiyagalolunye ngeteyipu; abafana, ngiyacabanga, bathola cishe amadola amathathu ngawo, futhi ashibhe ukwedlula lokho, ngiyacabanga, uma uwathenga ngeqoqo. Cishe nje lokho iteyipu, okungaphezudlwana kunenani leteyipu, abafanele bakukhokhe ngayo ngokuwathenga ngamakhulu amadola inani ngesikhathi. Ngakho ningabona, engihambisana nabo lapha,

uMnu. Goad noma uMnu. Mercier, bebeyojabula ukukunakekela benzela nina.

¹³ Ukufundwa kwemiBhalo, kulobubusuku, sifunde nje ingxenywe yeZwi elingenakuphosisa likaNkulunkulu oPhakade. NoJesu wayekade ebathethisa ngenxa yobulukhuni babo bezinhliziyi zabo, ngoba babengamkholwanga. Khona-ke siyathola, ukuthi Yena, emuva engxenyeni yokuqala yemiBhalo, ababenayo, kulendikimba efanayo, noma—noma, isahluko, babeMbize ngoBelzabule, ngoba Wayenza izibonakaliso ezingaphezu kwemvelo.

¹⁴ Futhi uma noma ubani wayazi ukuthi uNkulunkulu njalo uhlala kokungaphezu kwemvelo, ngoba uNkulunkulu, qobo lwaKhe, ungaphezu kwemvelo. Futhi abantwana baKhe, abayinzalo yaKhe, yimvelo kaBaba wabo, nabo bakholelwa kokungaphezu kwemvelo. Ngakho uma bengenakukholelwa kokungaphezu kwemvelo, khona-ke uMoya kaNkulunkulu awukho kubo, ubusa impilo yabo.

¹⁵ Nalawa amakhulu, amadoda aphucukile ngalezozinsuku, abapristi, norabi, nabaFarisi, ababengamadoda aphucuke kakhulu, ezinhle, izifundiswa ezifundisiwe, zazilazi iZwi uhlamvu nje, futhi ayefanele aphile izimpilo ezingenabala, ngoba odelele umthetho kaMose, wafa phansi kofakazi ababili noma abathathu, futhi babeyokhandwa ngamatshe uma benze noma yini engalungile, ngakho bafanele babe yiqembu elikhethiwe, iqembu lezazi, iqembu elifundisiwe. Kodwa uNkulunkulu akahlali kunoma yikuphi kwalokho, uNkulunkulu uhlala entobekweni, enhliziyweni eqotho, ezoMemukela. Futhi lamadoda ayesanda kusho...

¹⁶ Manje qaphelani, uma...Lapho seniya ekhaya kulobubusuku, fundani lesisahluko 12 sikaJohane oNgcwele futhi nizobona ukuthi lababaFarisi abakaze baphume ngqo futhi batshela uJesu ukuthi WayenguBelzabule, kodwa bakucabanga ezinhliziyweni zabo, futhi Wayeyazi imicabango yabo, Wabona ababecabanga ngakho, futhi bathi phakathi kwabo, “Lomuntu unguBelzabule.”

¹⁷ NoJesu, masinyane, wayebalahla ngokucabanga kwabo okubi. Futhi Waqhubeka ukuba asho nje ngezibonakaliso ezinkulu ezazikade zisemhlabeni, futhi Wabhekisela, ngaphambi kwalokhu, kumprofethi uJona.

Futhi wathi, “Sifuna isibonakaliso esivela kuWe, Rabi.”

¹⁸ Futhi Wathi, “Isizukulwane esibuthakathaka nesiphingayo sizofuna isibonakaliso; futhi akuyikubakho sibonakaliso esinikwa bona, kodwa isibonakaliso somprofethi uJona: Ngokuba njengoJona wayesesiswini somkhomo izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu, kanjalo neNdodana yomuntu iyakuba senhliziyweni yomhlaba izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu.”

¹⁹ Manje ake sime nje kancanyana ngoJona. Manje, uJona wayemukela umyalo ovela kuNkulunkulu ukuba aye eNineve. Futhi akukho lutho olwenzeka ngenhlanhla nje, onke amasondo amakhulu kaNkulunkulu aphenduka ngokuphelele, yonke into isebenza ngayo impela nje indlela Anayo... aziyo ukuthi kuyosebenza, akukho okwenzeka ngenhlanhla nje, kwenzeka kanjalo. UNkulunkulu unamandla onke futhi wazi konke, Wazi yonke into futhi unamandla onke.

²⁰ Khona-ke lapho uJona ehamba endleleni yakhe, yena, ngale eya eNineve, noma eTharishishi, njalo, ezama ukuthola indlela elula, ngoba kwakubonakala sengathi umkhumbi wawuhamba ngaleyondlela, ngakho mhlawumbe, iNkosi izomthumela nje kulendawo, eTharishishi esikhundleni saseNineve, wacabanga ukuthi mhlawumbe yile yondlela uNkulunkulu asebenza ngayo.

²¹ UNkulunkulu akasebenzi njalo emgwaqeni olula, nezinto esesandleni sakho, ufanele uzabalaze ukwenza intando kaNkulunkulu ngezinye izikhathi.

²² Ngakho manje-ke, sithola umprofethi wethu-ke, kulobubusuku, lapho engena emkhunjini, futhi nakho kufika isiphithiphithi esikhulu solwandle. Base bembopha izinyawo zakhe nezandla zakhe, bamphonsa ngaphandle komkhumbi, noNkulunkulu wayenenhlanzi enkulu elungiselelwe yena, futhi yagwinya umshumayeli. Futhi lapho, emva kokudla kwenhlanzi, noma ubani uyazi ukuthi lapho inhlanzi idla, iya phansi ekugcineni futhi iziphumulele nezigwedli zayo ziphansi ekugcineni kwechibi, noma umfudlana, noma ulwandle, kumbe noma yini ekuyo.

²³ Phakela inhlanzi yakho encane esagolide futhi uzibhekisise, zithi nje zingagcwala isisu sazo esincane, ziyokwehla ngqo ekugcineni kwembiza, futhi lapho ziyophumula.

²⁴ Awu manje, lolulwandle olunesiphepho, nalomprofethi, ehlubukile, izandla ziboshelwe emva kwakhe, izinyawo ziboshiwe esiswini somkhomo, phansi ekugcineni kolwandlekazi... Bengihlala njalo ngicabanga ngalokhu lapho ngibona abantu ababuka izimpawu: Uma kwake kwabakhona umuntu owayenelungelo lokuba nezimpawu, kwakungoJona.

²⁵ Bukani isimo sakhe, akukho noyedwa kulesosimo lapha kulobubusuku, futhi wayene... wayehlubukile, engaphandle kwentando kaNkulunkulu, izinyawo nezandla ziboshiwe, esiswini somkhomo, ubuhlanzo yonke indawo kuye, ukhula lwasolwandle luzungeze intamo yakhe, elele phansi ekugcineni kolwandle, uma wayebuka *ngapha*, kwakuyisisu somkhomo, uma wayebuka *ngapha*, kwakuyisisu somkhomo, yonke indawo ayebuka kuyo, kwakuyisisu somkhomo. Manje, akukho namunye wethu omubi kangako. Futhi niyazi ukuthi wathini na? Wenqaba ukubona isisu somkhomo, wathi, "Ziyizimpawu zamanga, ize lamanga." Bhekisisani ukuthi leyondoda yathini

ezansi kulesosimo, yala ukubona isimo sayo, futhi yathi, “Ngiyakuphinda ngibheke ngasethempelini laKho elingcwele.” O, ukuba kuphela besingabona lokho!

²⁶ Futhi uJona wayazi ukuthi ngenkathi uSolomoni enikela lelothempeli, wathi, “Nkosi, uma abantu baKho besenkathazweni, nomaphi, futhi bazobheka ngakulendawo engcwele, futhi bakhuleke, khona-ke yizwa useZulwini.” Futhi uJona wasekela ukuzethemba kwakhe emkhulekweni kaSolomoni. Futhi ngaphansi kwalezozimo, futhi uma uJona ngaphansi kwalezozimo wayengasekela ukukholwa kwakhe emkhulekweni womuntu owayengumuntu wasemhlabeni ukuthi kamuva wahlubuka, nasethempelini lasemhlabeni eladilizelwa phansi, besifanele kakhulu kangakanani thina kulobubusuku, phansi kwezimo ezincane esinazo, ukubuka eThempelini lapho uJesu ehlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu neGazi laKhe uQobo ukwenza ukunxusela phezu kokuvuma kwethu, yebo, ngakwesokunene sikaNkulunkulu, ukwenza ukunxusela. Ngani, izimpawu zethu ezincane azisho lutho! O, uNkulunkulu ufuna sibuke kanjani kulokho Akushoyo!

²⁷ U-Abrahama wathatha uNkulunkulu eZwini laKhe, futhi wabiza lezozinto ezazikhona...ngokungathi zazingekho, ngokungathi zazikhona, ngoba uNkulunkulu washo njalo, waqhubeka nje nokukukholwa.

²⁸ O, ukuba kuphela besingabuka sisuke kulezizinhlupheko ezincane, nezinto ezincane, ezilula esinazo, lokhu ukwehla nokwenyuka okuncane, nezinkathazo! Zincane kakhulu futhi azibalulekile, ngezinye izikhathi zibekwa kithi ukuhlola ukukholwa kwethu.

²⁹ Manje sizoqaphela, manje, uma nake nawufunda umlando waseNineve, babeyidolobha elikhulu kakhulu ngokuthe xaxa, noma, idolobha elikhulu ngokuthe xaxa kuneSt. Louis injalo manje, ngaphezu kwesibalo sabantu abayisigidi, ngiqagele, futhi macala onke eNineve. Babengafundile kakhulu, kuze kuthi babengasazi isandla sokudla kwesokunxele, futhi babekhonzazizithombe. Futhi ngenkathi unkulunkulu wabo wolwandle kwakungumkhomo, futhi niyabona ukuthi uNkulunkulu wadingeka awufinyelelise kanjani lowomlayezo kubo na? Umkhomo wagwinya uJona futhi wamgcina esiswini sawo izinsuku ezintathu nobusuku, futhi ngenkathi bonke abadobi wayesezansi lapho olwandle, unkulunkulu uhlanza umprofethi enhla osebeni. Impela, babeyowuzwa umlayezo wakhe. Okungaphezu kwemvelo, ngoba unkulunkulu wolwandle wayethumele umprofethi wakhe ukuba ashumayele, futhi bawukholwa umlayezo.

³⁰ NoJesu wathi, “Lokho kuyoba ngendlela efanayo, ukuthi isizukulwane esibuthakathaka nesiphingayo,” esiphila kuso manje, “njengesibonakaliso sikaJona, kuyoba njalo manje.”

³¹ Futhi niyaqaphela, ukuthi isibonakaliso Ayezosinikeza isizukulwane esibuthakathaka nesiphingayo kwakuyisibonakaliso sokuvuka, iNkosi uJesu ovukileyo, ukuthi umhlaba wadingeka uMdedele ngokusa kwesithathu, futhi Wavuka kwabafileyo, futhi uyaphila kulobubusuku, khona lapha phakathi kwethu ukwenza imisebenzi kaNkulunkulu phakathi kwethu. Yeka ukuthi likhazimula kanjani iZwi likaNkulunkulu ophilayo!

³² Khona-ke Uthi, “Futhi inkosikazi yaseNingizimu iyakusukuma ngosuku lokugcina nalesisizukulwane futhi isilahle, ngoba yavela emikhawulweni yezwe izakuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni; futhi bhekani, Ngithi kini, lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni.”

³³ Manje, uNkulunkulu kuzo zonke izizukulwane ubenenceku yaKhe, nomprofethi waKhe, noma uMlayezo waKhe ndawondawo emhlabeni uhamba ngazo zonke izikhathi, uNkulunkulu akakaze angabi naye ufakazi. Futhi kuzo zonke izizukulwane bemukela ufakazi kaNkulunkulu. Bese kuthi-ke, uma abantu bemukela lowofakazi, khona-ke lowo ngunyaka wegolide walesosizukulwane; uma benqaba lowofakazi, khona-ke kungunyaka wobumnyama walesosizukulwane.

³⁴ Manje, uNkulunkulu wayenze into enkulu ngezinsuku zikaSolomoni. Futhi sonke siyazi, njengabafundi beZwi elibusisiweyo, ukuthi lowonyaka kaSolomoni wawuthathwa ngokuthi unyaka wegolide ka-Israyeli. Bakha ithempeli, umhlaba wonke wabakhombisa inhlonipho ekubuseni kukaSolomoni, okwakuyisibikezelo sikaKristu, iNdodana kaDavide.

³⁵ Futhi qaphelani, uNkulunkulu wanika uSolomoni isiphiwo sokubona okufihlakele, naso sonke isizwe, wonke umnotho ka-Israyeli, bonke bakukholwa lokho nganhliziyonye, yonke indawo, yonke indawo, kuzo zonke izindebe, “O, uNkulunkulu usivakashela ngesiphiwo esikhulu!” Futhi yingalesosizathu isizwe saphumelela.

³⁶ Manje, bekungeke yini kube kukhulu namhlanje, uma thina, abantu bakaNkulunkulu, besiyomukela iSipho sikaNkulunkulu Asithumelele sona, lokho ngokuthi, uMoya oNgcwele na? Ukuba kuphela sikuzwana kunye, uma sonke lesisizwe besiyokwemukela uKristu, uMoya oNgcwele, iSipho uNkulunkulu asithumelele sona, futhi bekungeke kube khona izithiyo zehlelo phakathi kwethu, futhi besiyoba nhliziyonye, nokuzwana kunye, bengiyothi, “Mfowethu, bekuyoba yisivikelo esingcono kunawo onke amabhomu noma yimuphi usosayense abengawadala.” Besiyoba...sibe nesivikelo, futhi isivikelo sethu besiyokwenziwa ngezimpaphe, ngokuba ngaphansi kwamaphiko aKhe besiyohlala ngokuphepha nje njengoba besingaba njalo uma isizwe besiyokwemukela nje. Kodwa

singawuwelisa kanjani uMlayezo lapho sonke sehlukene, futhi emicabangweni ehlukene, nezibhamu zibhekiswe komunye nomunye na? Futhi—futhi yilokho okukwenza kube nzima.

³⁷ Manje siyaqaphela, ukuthi ngenkathi lokho kuqala ukwenzeka nebandla lonke liqala ukufakaza, futhi lemukele, futhi bakholwe ngayo yonke inhliziyo yabo kulesosiphiwo esikhulu uNkulunkulu ayebathumele sona, ngani, impela, ezinye izizwe ziqala ukuzwa ngakho. Futhi ezansi le, ngaphesheya kogwadule iSahara, ezansi le uyongena e-Ethiopia, indlovukazi yaseSheba, yayihlala emikhawulweni yezwe elaziwayo langalolosuku.

³⁸ Futhi akungabazeki, le encane, indlovukazi engumhedeni ezansi lapho... Manje, yayingesilo ikholwa, yayingumhedeni. Futhi ngenkathi i... Wonke umuntu wayedlula, futhi ezwe ngalesisiphiwo esikhulu esasiphezulu kwa-Israyeli nasePalastine, babehla, nabadlulayo babesho kuzo zonke izingxenye ehlukene zezwe, “O, ufanele ube senhla ePalastine! Bonke bahlangene nganhliziyonye nakuzwana kunye. NoNkulunkulu wabo ubathumele isiphiwo esikhulu, noNkulunkulu wenze lowomuntu inkosi, futhi nganhliziyonye, bonke bayakhulwa.” O, lokho bekungeke yini kube yisibonelo sangempela sebandla namhlanje na? “Nganhliziyonye nje, bonke banhliziyonye. Futhi, o, uNkulunkulu wabo wenza izimangaliso.” Akukhona yini ukusolwa kithi namuhla, njengesizwe nanjengebandla na? “UNkulunkulu wabo wenza izinto ezinkulu phakathi kwabo.”

³⁹ Futhi niyazi, ngaso sonke isikhathi umuntu efika evela enhla ngaleyondlela, babetshela lokho indlovukazi encane. Manje, “Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa amaZwi kaNkulunkulu.” Futhi niyazi, lapho ngempela uqala ukukhuluma ngokungaphezu kwemvelo nangoNkulunkulu Osaphila, kukhona okuthize ngakho kuyo yonke inhliziyo yomuntu onanoma yikuphi okomoya noma yini, ulangazelela ukubona emva kwalelokhethini. Wonke umuntu unjalo, ngoba ngaphakathi kuye uyisidalwa esingaphezu kwemvelo, uno—nomoya omqhubayo, omenza anyakaze, nokukhuluma, nokucabanga, futhi uyisidalwa esingaphezu kwemvelo.

⁴⁰ Nalona wesifazane omncane, eyindlovukazi, uqala ukudonsa inqwaba yentshisekelo, ngokuba wonke umuntu wayesho into efanayo. Yileyondlela esifuna ukukwenza ngayo, sonke sikhulume ngokufanayo, sidumisa uNkulunkulu. Hhayi omunye athi, “Awu, ngiyiBaptisti, asibambisani nokunjalo. O, ngiyiPresbyterian, angisiyo iPentecostal.” Akwenzi mehluko ukuthi kuyini, ukuthi yiliphi ihlelo noma yisiphi isilengiso esichazayo abasigqokile, uma uyindodana nendodakazi kaNkulunkulu, ungeke wadede kukho, kunjalo.

⁴¹ Ngangivame ukugibela kaningi; ubaba wami

wayengumgibeli. Angisuye umgibeli kakhulu, kodwa ngenze umsebenzi omningi weplazi lezinkomo empilweni yami. Ngangivame ukusebenza eTripod endala, engihamba ngiyozingela kuyo manje, izikhathi eziningi eColorado. Entwasahlobo, lapho sasigibela siphumele lapho nezinkomo, babenothango lokushushumbisa lwehla luvela eHlathini i-Arapaho, futhi selusa, i—iNhlango yeHereford yayidlisa isigodi saseTroublesome River, lokho kuphakathi kweBerthoud Pass, neRabbit Ear Pass, ungayibamba kuForty, Troublesome River.

⁴² Futhi phezulu le, cishe amamayela angamashumi amabili-nanhlano phezulu lapho, ipulazi lethu elikhulu lalisenhlokwini yomfula. Futhi yonke inhlango yayiqhuba izinkomo zabo phezulu lapho entwasahlobo. Uma ubungakhulisa kakhulu njengethani lefolishi, ubungabeka inkomazi ehlahini. Leyo kwakuyikota kwiChamber of Commerce, futhi wawufanele ubenophawu. Futhi usuku oluningi, ngihlale lapho neyami... emva kokugibela izinsuku ngikhuphulela izinkomo othangweni lokushushumbisa, futhi ngibhekisise umqaphi emi lapho ezibala futhi ezibeka uphawu lapho zedlula.

⁴³ Futhi ngahlala lapho, futhi ngiye ngabhekisisa iDiamond T inqamula, ngiyibhekisile iLazy R inqamula, iTripod yethu, iTurkey Track ngezansi kwethu nje, futhi ngaqaphela, ngihlezi lapho nomlenze wami unqume ophondweni lwesihlalo sehhashi, lapho zedlula lolothango lokushushumbisa, umqaphi wayengakhathazekile kakhulu ngokuthi hlobo luni lohawu ababenalo kuzo, ngoba sezihloliwe kulokho, kodwa wayekhathalele ukuthi hlobo luni lwegazi ezazinalo kuzo. Akukho okwakungangena lapho ngaphandle kweHereford yohlobo, akukho okunye. Icici legazi yilokho okubalulekile esangweni lokugcina.

⁴⁴ Futhi ngicabanga ukuthi yile yondlela okuzoba ngayo ekupheleni kwesikhathi, uNkulunkulu angeke abheke ukuthi ngabe siyi-Oneness, noma iTwouess, noma iThreeness, noma iFiveness, noma ngabe siyini, kuyoba yiGazi likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, Uyobheka lolophawu lweGazi ekupheleni kohambo. O, ukuba nje besingaba sekuvumelaneni kunye futhi sihloniphe iSipho uNkulunkulu asiphe sona!

⁴⁵ Khona-ke siyaqaphela, futhi, ukuthi emva kokuba lokho kukholwa okuncane sekwakhiwe, nomunye umuntu, efakaza, omunye umhambi wathi, “O, ufanele ubone isimangaliso esikhulu sisebenza! Niyazi, ngikhulwa ukuthi u-Israyeli uNkulunkulu weqiniso phezulu lapho, ngoba zonke izithixo zethu, azikhulumi.”

⁴⁶ Sinenqwaba yesayense yezenkolo, kodwa akukho lutho kuyo. Akunandaba ukuthi isayense yezenkolo inhle kangakanani, uma ingaphenduli... UNkulunkulu womlando

akalungile uma Engafani namhlanje. Kusiza ngani ukondla inyoni yakho engumzwilili zonke izinhlobo zamavithamini ukuyenza ibe namaphiko amahle, bese-ke uyigcina esibiyelweni ngaso sonke isikhathi na? Akusizi ngalutho. Esifuna ukuba yikho ngukukhululeka, siphume ukuze selule amaphiko ethu, amaphiko ethu okukholwa emandleni kaKristu ovukileyo, futhi sijubalale ngaphezu kwalokhu kuqhubeka lapha emhlabeni.

⁴⁷ Futhi siyaqaphela-ke, base beqale ukudala isifiso, kwaze kwathi ekugcineni, yathi, “Konke lokhu ebengikuzwa, ngikholwa ukuthi ngizokhuphuka ngizitholele mina.”

⁴⁸ Leyo yindlela enhle, ungahlali ngaphesheya bese uthi, “Awu, ibandla lami alibambisani,” hamba, noma kanjani, yakwenza, yayisendleleni yayo. Noma ngabe babeyiPentecostal noma—noma iPresbyterian, akwenzanga mehluko kuyo, inhliziyi yayo yayilambile, ngoba uNkulunkulu wayeyihola. Futhi amadodana namadodakazi kaNkulunkulu aholwa nguMoya kaNkulunkulu.

⁴⁹ Qaphelani lona wesifazane omncane, manje, engowesifazane, wayenobunzima obuningi phambi kwakhe. Manje, wathi, “Ngizothatha ukudla okwenele nokunye nokunye ukuba ngihlale, futhi angenyukeli lapho nje ubusuku obubodwa futhi ngizwe umshumayeli eshumayela, futhi uma ngingakuthandi akushoyo kusasa ebusuku, ngeke ngibuyele emuva.” Wayezohlala aze akholiseke, yileyondlela yokukwenza, ahlale aze aneliseke. Wayezokuhlola ngemiBhalo, futhi abone ukuthi ngabe lesosiphiwo sasiqinisele noma qha.

⁵⁰ Futhi qaphelani, wathi, “Uma kuqinisele, ngizokwesekela.” Wathatha igolide eliningi namakha, wayezokwenza okuthize ngakho. Uma kwakungokwangempela, kwakufanelwe okuthile; uma kwakungesikho, wayezobuyisa igolide lakhe. Yileyondlela yokukwenza, iqiniso.

⁵¹ Manje, angiqhubekiseli phambili iminikelo yamabandla ethu, nezinto, ngiyanitshela nje ukuthi akuyifanele kuphela—akuyifanele imali yenu kuphela, kufanele isikhathi sakho, nempilo yakho, nokuzinikela kwakho, nakho konke oyikho uma kulungile. Ubufakazi bakho, konke oyikho, kufanelwe yikho konke nokunci kwakho, ngoba kubiza lokho Adingeka akulethe kuwe.

⁵² Manje, yazilungiselela. Manje, into yokuqala, yayingowesifazane. Manje, yayifanele inqamule ugwadule. Makani isikhathi. Niyazi ukuthi kuthathe ikameli isikhathi esingakanani ukuwela ukusuka—ukusuka lapho isigodlo sayo sasikhona ukuya esigodlweni sikaSolomoni na? Kuthathe izinyanga ezintathu, izinyanga ezintathu, hhayi ngeCadillac efakwe isishayisamoya, kodwa emhlane wekameli elangeni elishisayo. O, he! Nabanye lapha eMelika ngeke bahambe bawele isitaladi ukukubona. Abanandaba, kodwa yayinendaba, kukhona okwakumba enhliziyweni yayo.

⁵³ O, uNkulunkulu uyabazi abaKhe uQobo! “Bonke Ayebazi ngaphambili, Ubabizile; bonke Ababizile, Ubalungisisile; bonke Abalungisisile, Ubakhazimulisile. Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi kuqala.”

⁵⁴ Ngakho niyabo, iVangeli lingashunyayelwa ngamandla nokubonakaliswa kokuvuka, nezinhliziyi zabantu zingaba lukhuni kakhulu baze bangabe basabi nandaba. Niyasibona isimo sosuku esiphila kulo na? Kodwa yilapho esiphila khona. Ngisho lokhu, ngoba ngiyawuthakasela kulobubusuku umhlatshelelo wenu, hhayi ogwadule, kodwa esitaladini esishelelayo, naphezu kwemigwaqo amakhulu amamayela. Kukhombisa ukuthi uNkulunkulu usadonsa abantu kungakhathaleki, beza kungakhathaleki, isimo sezulu asibamisi.

⁵⁵ Futhi yafika, futhi yona, nenye into eyayifanele iyenze, khumbulani, yona ingowesifazane futhi isindwa yigolide, namadodana ka-Ishmayeli yayisogwadule futhi ayengabaphangi. Ukuhleleka okunje pho—okunje pho okwakuyoba yikho kubo! Owesifazane omncane nonogada abambalwa bemzungezile, ehlezi emhlane wekameli, mhlampe, wayedingeka ahambe kakhulu ebusuku, ngoba ugwadule lushisa kakhulu emini, akukho-manzi, lokho nje ayengakuthwala emakamelini. O, wayenokuningi okwakufanele abhekane nakho, kodwa wayezimisele.

⁵⁶ Futhi uma owesilisa noma owesifazane ezimisele, uNkulunkulu uzohamba nabo futhi aqinisekise ukuthi kuyafezeka, futhi bathola isifiso sabo. Uma into ethize yomile, uma utwa lubizana notwa, kuzofanele kube notwa lokusabela kulo. Ngaphambi kokuba kubekhona isigwedlo emhlane wenhlanzi, kwakufanele kube namanzi ayo ukuba ibhukude kuwo kuqala; ngaphambi kokuba kubekhona isihlahla ukuba simile emhlabeni, kwakufanele kube nomhlaba, kuqala, ukuba simile kuwo.

⁵⁷ Ngafunda esikhathini esithize esedlule, lapho umfana omncane edla khona amarabha emapenseleni esikoleni, khonake umama wakhe wambamba edla isitibili sebhayisikili, futhi wamehlisela emtholampilo. Futhi ngenkathi behlola umfo omncane, wayedinga isibabule; isibabule sitholakala erabheni. Manje, ngaphambi kokuba kubekhona ukulangazelela isibabule, kwakufanele kube nesibabule ndawondawo ukusabela kulokho kulangazelela.

⁵⁸ Futhi inqobo nje uma uvuma ukushayela udlule esiphephweni seqhwa ukuza kuKristu ukuba uphulukiswe, kuzofanele kube noMthombo ovulekile ndawondawo. Inqobo nje uma ulangazelela, inqobo nje uma lelibandla lilangazelela okuningi kukaNkulunkulu, kukhona okuningi kukaNkulunkulu ndawondawo ukusabela kulokho kulangazelela. “Utwalubizana

notwa,” njengoba uDavide athi, “ngomsindo wezimpophoma zaKho.”

⁵⁹ Utwa lubiza! Ngaphambi kokuba utwa lubize, kuzofanele kube notwa lokusabela kulolobizo, kungenjalo bekungeke kube khona ubizo. Ngakho uma lalingekho iBhayibheli ukungitshela ukuthi uKristu waphulukisa, ukunibona lapha kulobubusuku phansi kwalezizimo, bengisayolokhu ngithi, “Kukhona uMthombo ovulekile ndawondawo.” Impela.

⁶⁰ Leyondlovukazi encane eyayifisa ukwazi uNkulunkulu ophilayo, kwakukhona uNkulunkulu ophilayo ndawondawo ukuba imthole. Akunandaba ukuthi izimo sasiyini, yayizokwenza, noma kanjani. Yabeka zonke izinto zokusetshenziswa emakamelini, isinongo, imure, amakha, nezinkulu, izinto ezibizayo ezazibiza ngempela izinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane eziyishumi zamadola. Namhlanje ubungeke uzithenge ngeziningi, izikhathi eziningi ngaphezu kwalokho obungakuthola ngaleyonkathi, kwabiza ezigidini ukukuthola. Kodwa yathwesa izilwane zayo, futhi yaqalisa udwendwe lwayo oluncane, futhi lapho iqala ukunqamula ugwadule, zonke lezozimo, kodwa nokho, into ethize enhliziyweni yayo yayiyidonsa, “O, uma lokho kuyiqiniso!” Manje isendleleni yayo, kodwa ngabe yiqiniso na?

⁶¹ Ngakho lapho ifika, ayizanga ukuba nje ihlale ihora, yathatha amakameli ayo, futhi yawabeka le, yase igxumeka amathende ayo, nanoma yini eyayinayo, yabamba izipho zayo. Yangena ebandleni. Ngalokho kusa ngenkathi uSolomoni ethatha ipulpiti, futhi baqala ukuletha udaba kuye, yamangala ngalowomoya omkhulu wokubona okufihlakele. Kodwa yathi, “Ngizobuya kusasa, lapho ehlezi.”

⁶² Futhi yahlala, futhi usuku nosuku yakubhekisisa ngaphandle kokwehluleka okukodwa. UNkulunkulu angenza noma yini, ngaphandle kokwehluleka. Yakubhekisisa. Kwakuphelele kanjani! Kwase kuthi-ke ngenkathi isinelisisekile enhliziyweni yayo, ingumhedeni, yayenelisisekile ukuthi kwakukhona uNkulunkulu Owayephila, hhayi isithombe kodwa uNkulunkulu ophilayo, ngoba Wayesebenza esidalweni saKhe esiphilayo, ezikhombisa Yena uqobo ukuthi WayenguNkulunkulu, futhi yathi, “Konke engikuzwile bekuqinisele, nokungaphezu kwalokho engikuzwile kuqinisele.” Yayenelisisekile. Yanikeza igolide layo, yanikeza izipho zayo ukukwesekela, nokwakha ethempelini likaNkulunkulu, nokwenza konke eyayingakwenza ukukwesekela.

⁶³ NoJesu wathi, “Iyakusukuma ekwaHlulelweni, nani baFarisi abaqeqeshwe kahle, futhi inilahle.” Amen. Ngizizwa ngikholwa khona manje. Awucabangi ukuthi iBaptisti iyamemeza, ungahle... Yebo. Impela. “Iyovuka, iyosukuma ngoSuku lokwaHlulelwa nalesisizukulwane, isilahle:

ngokuba yavela emikhawulweni yomhlaba ukuzakuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni, isiphiwo sokuhlakanipha, ukubona okufihlakeleyo; futhi ngiqinisele, Ngithi kini, lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni.”

⁶⁴ Futhi kulobubusuku, ngenkathi beMbiza nje, ngoBelzabule, Wathi, “Ngizonithethelela ngakho, kodwa nxa uMoya oNgcwele esefikile futhi akwenze, akusoze kwaba khona ukuthethelelwa ngalokho.”

⁶⁵ Ngakho ngithi uJesu, emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka, amandla aKhe aqine kakhulu futhi agqogqa kakhulu kulobubusuku kunoma ayenjalo emuva lapho ngalolosuku. Ngakho izokwenzani kulesisizukulwane na? Ngokuba lolu wubizo lokugcina lukaNkulunkulu, ethumela uMoya oNgcwele eBandleni ukubiza abantu baKhe, wubizo lokugcina lukaNkulunkulu.

⁶⁶ Yayingesabi, yayingenandaba ukuthi amagosa lalizothini ngenkathi ibuya, lokho ababhishobhi nabo bonke ababezokusho, yama esidlangalaleni, yayisithi, “Konke engikuzwile kuyiqiniso, futhi okungaphezu kwalokho engikuzwile kuyiqiniso.” Yamela uNkulunkulu, futhi yayesekela into, futhi imi namhlanje, ingafi namaZwi kaJesu Kristu athi, “Lapho ivuka enkundleni ekuvukeni, ukulalela kwayo uNkulunkulu kuzosilahla lesosizukulwane, ngokuba yamela lokho okwakulungile ngenkathi uNkulunkulu wayethumele isiphiwo saKhe emhlabeni futhi sasibonakaliswa. Yavela emikhawulweni yomhlaba izakuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni.”

⁶⁷ Esikhathini esithile esedlule, ngawela kwiMelika emaphakathi, lapha, kwakukhona u—umfundisi ogama lingu—nguDaniel Greenfield. Futhi wahamba wayolala ngobunye ubusuku, futhi waphupha, futhi waphupha ukuthi wafa, futhi wakhushulelwa emasangweni aseParadesi.

Futhi ngenkathi engqongqotha emnyango, umlindi womnyango wafika, wathi, “Ungubani wena, ofisa ukungena kulamasango na?”

Wathi, “NginguDanny Greenfield,” wathi, “Ngingu—ngumvangeli waseMelika.”

Wathi, “Umzuzwana nje, mnumzane. Ngizobona ukuthi ngingakuthola yini okuqoshiwe kwakho lapha.” Wabuya, wayesethi, “Akukho okuqoshiwe lapha ngawe.”

“O,” wathi, “kufanele ukuthi kukhona okungalungile! Impela, okuqoshiwe ngami kulapho!”

“Qhabo, akukho okuqoshiwe lapha.”

Wathi, “Awu, ngizakwenzenjani na?”

Wathi, “Yinye kuphela into ongayenza, uma ufisa, ungaledlulisela udaba lwakho esiHlalweni sobukhosi

esiMhlophe sokwaHlulela uma ufisa ukuledlulisa udaba lwakho.”

Futhi wathi, “Awu, uma kuyilokho kuphela engingakwenza, ngizokwenza.”

⁶⁸ Ngakho wathi uqala ukuphumela emkhathini, wathi kwakubonakala sengathi ngesinye isikhathi wayehamba emkhathini nje. Futhi emva kwesikhashana, ungena lapho kuqala khona ukukhanya, kuya ngokukhanya, kuya ngokukhanya, futhi lapho kukhanya kakhulu, uqala ukuhamba kancane kancane, futhi, ekugcineni, khona impela phakathi nendawo yalokhu ukuKhanya, wama. Kwakungekho ndawo ethize Okwakuvela kuyo, kodwa nje nxazonke kuye, ukuKhanya okwedlulele, kuqine kaningi ngokuthe xaxa nje, futhi kugqame kakhulu kunelanga. Futhi wathi waqalaza, futhi emva kwesikhashana, elikhulu, iPhimbo elijulile, lathi, “Ungubani wena omi phambi kokwahlulela kwaMi na?”

Futhi wathi, “NginguDaniel Greenfield, umvangeli waseMelika. Ngifike emasangweni aseParadesi, futhi ngicelwe ukuba ngize lapha esiHlalweni saKho sokwaHlulela ukuba nginxuse icala lami.”

Wathi iPhimbo laphendula, lathi, “Kuhle kakhulu, Daniel Greenfield, Ngizokuvivinya esiHlalweni saMi sokwaHlulela.” Futhi Lathi, “Nginomthetho ofanele uvivinywe ngawo.” Lathi, “Daniel Greenfield, wake waqamba amanga ngenkathi usesemhlabeni na?”

⁶⁹ Wathi, “Bengicabanga ukuthi bengiyindoda eneqiniso, kodwa eBukhoneni balokho kuKhanya,” wathi, “Ngibone inqwaba yezinto engangizishilo eyayingalungile.” Wayesethi, “Yebo, Nkosi, ngawaqamba amanga.”

Lathi, “Daniel Greenfield, wake weba ngenkathi usesemhlabeni na?”

⁷⁰ Futhi wathi, “Uma noma yini ebengicabanga ukuthi bengiyiyo, bengiyoba qotho.” Kodwa wathi, “EBukhoneni balokho kuKhanya okukhulu, ngibone okuningi ukusebenzisana okunethunzi okuncane engikwenzile.”

⁷¹ Lalelani, bangane, ningahle nicabange ukuthi nikahle manje, kodwa eBukhoneni balokho kuKhanya, kuzokwehluka, impela kuzokwehluka. Ungahle ube yilunga lebandla elihle, ungahle ugqoke kahle, ungahle usize abampofu, lokho kungahle kube ngokulungile, kodwa, o, eBukhoneni balokho kuKhanya, lokho kwaHlulela kwesiHlalo sobukhosi esiMhlophe!

⁷² Khona-ke iPhimbo lathi, “Daniel Greenfield, ngabe wawuphelele empilweni yakho na?”

⁷³ “O,” wathi, “qhabo, Nkosi, ngangaphelele.” Futhi wathi wayelalele ukuqhuma okukhulu ukuba kuvele ndawondawo, futhi kuthi, “Khona-ke suka kiMi.” Wathi amathambo akhe

aqala ukuhlukana amajoyinti, njengoba kwakunjalo, futhi wayethuthumela, azi ukuthi uyocwila esihogweni sikadeveli emizuzwini embalwa, ukuba abe lapho iPhakade.

⁷⁴ Futhi wathi esacabanga lokho, futhi elalele iPhimbo, wathi, “Ngezwa iPhimbo emva kwami, laliyiPhimbo elimnandi kunawo onke engake ngalizwa kuyo yonke impilo yami,” wathi, “Lalimnandi ukwedlula noma yiliphi iphimbo likamama engake ngalizwa.” Futhi wathi, “Ngenkathi ngiphenduka, ngabona ubuso obuhle kunabo bonke engake ngabubona.” Futhi wathi, “Wangigaxa, futhi Wathi, ‘Baba, lelo yiqiniso, uDaniel Greenfield wayengaphelele empilweni yakhe, kodwa kunento eyodwa ayenza: Ngenkathi inkazimulo yaMi yaziswa, uDaniel Greenfield waNgimela emhlabeni; manje Ngizommela phezulu lapha.”

⁷⁵ O Nkulunkulu, lokho makube yisinxuso sami kulobubusuku, mangimele Yena njengoba kwenza indlovukazi yaseSheba ebusweni babagxeki, mangithathe isikhundla sami futhi ngiMmele, ngokuba ngalolosuku, akukho kufaneleka engizoba nakho, ngiyothembela kokwaKhe kuphela.

⁷⁶ Ukuba ubuhamba kulobubusuku, ubani obeyokumela Lapho na? Ake sicabange ngalokho umzuzwana nje sisakhothamisa amakhanda ethu.

⁷⁷ Mgane oyisoni, uJesu ubengakumela kulobubusuku na? Mhlubuki, wena lungu lebandla ongakaze usemukele iSipho sikaNkulunkulu, uMoya oNgcwele, futhi unamahloni ngaSo, ngoba ibandla lakho aliSifundisi, “Uma unamahloni ngaMi phambi komuntu, Ngizoba namahloni phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingcwele.” Ungazami neze ukuma ngezimfundiso zomuntu ofayo, ungazami neze ukuma ngalowomoya onawo, wona ulahliwe kusukela ensimini yase-Edene.

⁷⁸ Akusikho ukulungisa kabusha ingaphambili ibandla elikudingayo, lidinga ukuzalwa, ufanele uzalwe ngokusha. Futhi uma ungakasemukeli lesosibusiso sokuzalwa ngokusha, futhi wazi ukuthi wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni, angazi noma beningavele nje, namakhanda enu ekhotheme, uma nje beningaphakamisa izandla zenu, bese nithi, “Kristu, ngalokhu, ngethembisa ngomusa waKho ngizokumela kusukela kulobubusuku, kuqhubeke.” Ungasiphakamisa isandla sakho, noma yikuphi esakhiweni na?

⁷⁹ UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, emuva lapho. Phezulu kuvulandi osesitezi, ngasezinhlwini emuva lapho, ezitendeni, omunye phezulu lapho, phakamisa isandla sakho nje, uthi, “Mfowethu Branham, ngikhulekele.”

⁸⁰ Sifanele sikufinyeze lokhu manje ngoba sekuyisikhathi sokuqala umugqa womkhuleko, kodwa ngingathanda nje

ukubona ukuthi ukhona yini ongaphakamisa isandla sakho, abanye futhi, njalo, bese uthi, “Angiphilanga impilo efanele.” UNkulunkulu akubusise, mnumzane. “Ngiyazi ukuthi ngiye nga . . . Ngibonile isikhathi esiningi ngehlile, lapho ebengifanele ngimele uJesu. Ngathatha indawo yomFarisi, umuntu okholwayo ngoluny’usuku, wathi, ‘Susa lendoda, futhi usinike uBaraba.’ UMuntu Owayengenzanga lutho kodwa wagcwalisa izwe ngothando, nezibonakaliso, nezimangaliso, nezimanga, kodwa, ‘Akahambe.’ Ngenkathi bevotela lemvuselelo, empeleni ngibeke isandla sami ngokumelene nayo, kodwa manje ngizokuguqula, ngizophakamisela isandla sami kuNkulunkulu, bese ngithi, ‘Yiba nomusa kimi.’”

⁸¹ UNkulunkulu abusise labobafo abancane phezu lapho, ishumi-, abantwana abaneminyaka eyishumi-nambili ubudala, endawaneni yokujika nje. Kulungile. Omunye na? Phakamisa isandla sakho nje, uthi, “Ngikhumbule, Mfowethu Branham.”

⁸² Wena uthi, “Ngabe lokho kuyasiza ukuphakamisa isandla sami na?”

Ngokoqobo. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Kunjalo.

“Kwenzani na?”

⁸³ Kuyaguqula kusuka ekufeni kuya ekuPhileni uma ukusho ngempela. UNkulunkulu akubusise, mnumzane, ngapha, ngiyakubona, futhi, wena, nenekazi, le ngakwesokunxele. UNkulunkulu akubusise, emuva lapho, kwingemuva lezitende. Wena olandelayo, mnumzane, ezansi ngqo ngomugqa lapho, uNkulunkulu uyakubona.

“Kuchaza ukuthini na?”

⁸⁴ Wathini uJesu na? “Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade, futhi akayikuya ekwaHlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.”

“Kwenzani ukuphakamisa isandla sami, Mfowethu Branham na?”

⁸⁵ Awu, sine—isayense esitshela ukuthi amandla adonsela phansi abamba isandla sakho phansi; ayikho indlela engenzeka ukufakazisa ngokwesayense ukuthi isandla sakho singaphakama, ngokwamandla adonsela phansi. Yilokho okukugcina emhlabeni, amandla adonsela phansi akubamba lapha, abamba isandla sakho phansi. Yini eyenze isandla sakho siphakame na? Kukhombisa ukuthi kukhona okukuwe, umoya wokuphila, owenze isinqumo. Futhi uyazi ukuthi unephutha, ngoba uMoya kaNkulunkulu ukhulume kuwe, futhi uphakamisela isandla sakho ngakuMdali wakho ukuqonda ukuthi unephutha, futhi ucela umusa waKhe, ushaya indiva yonke imithetho yesayense, khona lapho. Wephula umthetho wamandla adonsela phansi, ngoba kukhona into ethize

engaphezu kwemvelo kuwe, ekubangela ukuba uphakamise isandla sakho futhi wenze isinqumo ngoKristu.

⁸⁶ Ubungakwenza na? Omunye umuntu ongakakwenzi, ngaphambi nje kokuba sikhuleke. UNkulunkulu akubusise emuva lapho, dade. UNkulunkulu akubusise lapha, mfowethu. UNkulunkulu akubusise kovulandi abasesitezi. Yebo, kunjalo, phezu phakathi lapho, futhi ngasezinhlini, uNkulunkulu uyasibona isandla sakho, mfowethu, dadewethu, impela, Uyasibona. Lapho umi ngokwenza lokho, u mele uKristu. Lapho uphakamisa isandla sakho, umemezela ngokugcwele kuNkulunkulu ukuthi uqotho. Futhi kuyini na? UMoya ngakuwe ngqo, phezu kwakho, ukhuluma nawe, uthi, “UNgenzele ini na?”

⁸⁷ Uma-ke ufa ngokuhlaselwa yinhliziyi kulobubusuku na? Uma-ke ulele emqamelweni wakho, futhi uyavuka, futhi uzwe izandla zakho zibanda, udazulukela udokotela, uyeza, uthi, “Ukuhlaselwa yinhliziyi, usehambile,” futhi uzwa ukushaya komthambo wakho kuba neqhwa, unkosikazi, umama, izingane, noma ngabe ubani, ememeza phezu kwakho na? Khona-ke wenqabile ukumela uKristu, ubani ozokumela khona-ke na?

⁸⁸ O, mngani wami othandekayo, Mmele. Yenza ukuma kwakho manje, ngobuqhawe, uthi, “Yebo, Nkosi Jesu, manje ngithatha ukuma kwami. ‘KuKristu, iDwala eliqinile ngimile, yonke eminye imihlabathi iyisihlabathi esibishayo.’ Ngiyazi angikaze ngizalwe ngokusha, ngiyazi angikaze ngihlangane nokuthula noKristu, futhi ngifuna ukukwenza manje, futhi uNkulunkulu abe nomusa kimi.” Lokho kuhle. UNkulunkulu akubusise.

Asikhuleke.

⁸⁹ Nkulunkulu othandekayo, Owabuyisa iNkosi uJesu ekuvukeni, futhi ebonakala kithi lapha ebusuku, esikhombisa ukuthi isibonakaliso Asethembisa, njengoba uJona wayesenhliziyweni yomhlaba, kanjalo iNdodana kaNkulunkulu iyakuba senhliziyweni yomhlaba, noma, uJona esiswini somkhomo, iNdodana kaNkulunkulu enhliziyweni yomhlaba.

⁹⁰ Uvukile kwabafileyo, Ulapha manje. Yiba nomusa kithi, Nkosi, siyakuthanda, futhi singabantwana baKho. Futhi izandla eziningi siphakamile, Wena wathi, amaZwi aKho uQobo, “Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engaMdonsi. Futhi bonke abeza kiMi, Ngiyobapha ukuPhila okuPhakade, futhi ngiyobavusa ngosuku lokugcina.” Lelo yiZwi laKho, Jesu.

⁹¹ Manje, ukushunyayelwa kweVangeli, lokho yizindebe zomlayezo. Baphakamise izandla zabo, futhi manje, uNkulunkulu Obabizile, futhi wabadonsa uyabethula manje eNdodaneni yaKhe njengeziphiwo zothando. Manje baba yiziphiwo zothando zikaNkulunkulu eNdodaneni yaKhe, ukuba babe ngamalunga eBandla laKhe. Bagcwalise ngoMoya oNgcwele, Nkosi, thululela phezu kwabo uMoya waKho

wobuNkulunkulu. Yenza lawomasosha angamaqhawe ukuba aKumele, lapha ngalolusuku lwamanje.

⁹² Futhi ngingeqiniso, ekuPhileni okuzayo, Uyobamela, lapho umfula obandayo wokufa ufika phambi kwabo, namagagasi eJordani elidala aqala ukushaya emphefumulweni wabo, bangamemeza kakhulu osebeni, “Thumela isikebhe sokuphila, Baba,” namaphiko amabili acwebezelayo kaMoya oNgcwele azokwehlela phezu kweJordani elinesiphepho futhi athwale imiphefumulo yabo ingene eMbusweni kaNkulunkulu, enqamula ngendlela yesiphambano. Nkulunkulu, siphe khona njengamanje nje. Ngibethula kuWe, njengezithelo zomlayezo. EGameni likaJesu. Amen.

⁹³ Siphe, dade, indlela encane, *Kukhona Umthombo Ogqwaliswe NgeGazi*, o, linda, asilishintshe lelo: *Ukhohlo Lwami Lubheka Kuwe*. Ungasinika leyondlela na? Bangaki olaziyo lelculo elidala na? Manje, bangaki ozizwa ekahle ngempela na? Ninga...Nje sikolojiwe, nizwa uMoya oNgcwele kade uphakathi lapha nje, futhi nje wasikolobha. Nizizwa nikahle na? Phakamisani izandla zenu nje. O, lokho kuyamangalisa!

⁹⁴ Manje, uma ukushumayela nje kuyilokho kuphela esinakho, sifanele sizibuze, kodwa uNkulunkulu ulapha ukuqinisa khona impela Akwethembisile. Kulungile, *Ukhohlo Lwami Lubheka Kuwe*, ivesi elilodwa:

Ukhohlo lwami lubheka kuWe,
Wena Wundlu laseKalvari,
Msindisi ngokukaNkulunkulu;
Manje ngizwe ngisakhuleka,
Susa sonke isono sami,
O makuthi mina kusukela kulolusuku
Ngibe ngowaKho wonke!

Manje ngokuthula ngempela, asilihamishe. Siphakamise isandla sethu nje.

Ngenkathi ngisanyathela ekudidekeni
okumnyama kwempilo,
...izinsizi zanda macala onke kimi,
Yiba Wena nguMholi wami;
Yala ubumnyama buphenduke imini,
Sula izinyembezi zosizi,
Ungangivumeli nanini ngiduke
Ngisuke eceleni kwaKho.

⁹⁵ O Nkosi, iZwi seliphumile, futhi manje, Nkosi Nkulunkulu, Awusishiyi neze isizukulwane ngaphandle kwemisebenzi yaKho engaPhezu kwemvelo. Futhi lamaKristu asemancane, amanye angamashumi amabili-nanhlanu noma amashumi amathathu aphakamise izandla zawo, abedinga umusa, futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi lababantu, kulobubusuku, masinya nje lapho inkonzo isivaliwe, uzokwenyukela kulaba befundisi

ababambisanayo lapha, ubaxhawule, bese uthi, “Melusi, ngifuna ukuza ebandleni lakho, ngifuna ukubhaphathizwa, ngifuna ukuthatha ukuma kwami emhlambini wakho. Futhi ngifuna ukuma lapho, futhi ngibe yisosha eliyiqhawwe kuKristu, inqobo nje uma ukuphila kusemzimbeni wami.” Siphe khona, Nkosi.

⁹⁶ Manje, mhlawumbe lesi yisikhathi sabo sokuqala ukuba babe semhlanganweni, aba... mhlawumbe abakaze babone ukuthi Usapha iziphiwo, futhi Usiphe uMoya oNgcwele ngalolusuku lokugcina, futhi Wethembisa into yokuvuka.

⁹⁷ Manje, Nkulunkulu oNgcwele, yipha ukuthi lamaKristu azoba nenhlanhla kulobubusuku ukubona amandla kaJesu ovukileyo. Siphe khona, Nkosi, ukuze babuyele emuva njengendlovukazi yaseSheba emva kokuba sebenze ukuma kwabo, futhi emva kokuba seyenze ukuma kwayo emuva ngaphesheya kwalologwadule yahamba. O, kwakubonakala sengathi, akungabazeki, kufishane kakhulu ukubuyela emuva. O, yayijabule kakhulu! Amakameli ahamba ngokwehlukile, bonke babecula amahubo kuJehova, izinto zase zishintshile, ugwadule lwalungashisi uhhafu kakhulu.

⁹⁸ Siphe khona, Nkosi, ukuthi endleleni yabo bewela izitaladi ezineqhwa nemigwaqo kulobubusuku, kuzoba yinto efanayo. Kwangathi bangajabula lapho behambisana, bazi ukuthi bedlulile ekufeni bangena ekuPhileni, futhi bambonile uJesu ovukileyo, isibonakaliso esizukulwaneni esibuthakathaka nesiphingayo. Siphe khona, Baba. EGameni likaJesu, siyakhuleka. Amen.

⁹⁹ Ini? U-X, elokuqala kuya ekhulwini. Bekuwubani izolo ebusuku. U-H na? Banikeze o-X kulobubusuku, ikhadi lomkhuleko u-X, izolo ebusuku bekungo-H, kulobubusuku ngu-X. Bambani o-H benu, sizokukhuphulela lapha ngokukhulu ukushesha esingakwenza. Lapho sikhupha iqoqo lamakhadi, silindele isimo sezulu ukuba sithole iqembu elihle phakathi lapha, nakho konke, ukuze sikwazi ukuqala ngempela sibe nemigqa ejwayelekile yomkhuleko ngendlela esifuna ukuba nayo ngayo. Manje, kodwa manje sibambelele nje.

¹⁰⁰ Bangaki ongakaze abe komunye wemihlangano ngaphambili na? Ake sibone izandla zenu. Bangaki ongakaze abe komunye wemihlangano yami na? Bukani nje. (...?) Angizisho ukuthi ngingumphulukisi, bangane bami abangamaKristu, angisuye umphulukisi, kodwa nansi impikiswano yami eqinile, ukuthi ngilwela ukuthi uKristu unguye izolo, namuhla, naphakade.

¹⁰¹ Wavuka kwabafuleyo, Akafule, Uyaphila. Futhi ngenkathi Elapha emhlabeni, imisebenzi Ayenza, Wethembisa ukuthi Uyoyenza futhi ngezinsuku zokugcina, “Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo...” UJohane oNgcwele 14:7, “Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza.” Wathi, “Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, nokho,

niyakuNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani, ngisho nakini, kuze kube sekupheleni kwezwe. Imisebenzi eNgiyenzayo. . .” Hlobo luni lwemisebenzi Ayenza na?

¹⁰² Wathi Akabaphulukisanga abantu. Bangaki okwaziyo lokho na? “AkuMina owenza imisebenzi, nguBaba waMi ohlala kiMi. NeNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kuphela lokho Ebona uYise ekwenza.”

¹⁰³ Yingalesosizathu ngenkathi ehamba futhi wathola uNathanayeli futhi wamletha kuYe, iJuda, yena, e, ngenkathi uFiliphu ehamba futhi wamthola, wathi, wamthola ngaphansi komuthi, wayesethi, “Woza, ubone esiMfumene, uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa.”

Wathi, “Kukhona okuhle okungavela eNazaretha na?”

Wathi, “Woza, ubone.”

¹⁰⁴ Mhlawumbe yilokho abaningi bezoni abakucabangile kulobubusuku, “Ngizohamba ngibone. Ngizothola.” Leyo yindlela ezedlula zonke yokwenza: Woza uthole.

¹⁰⁵ Futhi ngenkathi uFiliphu, esendleleni ebuyayo, wayemtshelele lokho, akungabazeki, kodwa ukuthi ngenkathi uPetru efika. . . Okungukuthi, kuqala wayengesuye uPetru, wayengu-Andreya, futhi, noma, uSimoni, njalo. Kwase kuthi-ke ngenkathi yena, esendleleni yakhe. . . Wayengumfowabo ka-Andreya. Futhi ngenkathi ekhuphukela kuye, Wayengakaze ambone ngaphambilini, Wathi, “Igama lakho unguSimoni, kodwa Ngizokubiza, ngoKhefase.” OkunguPetru, “itshe elincane.” Wayesethi, “Uyihlo nguJonase.” Lokho kwamethusa. Lowo kwakunguJesu izolo. Uzofanele abe nguJesu namhlanje uma Efana. Ngabe kunjalo na? Kulungile.

¹⁰⁶ Khona-ke loFiliphu, womuzi ofanayo waseBetsayida, waya ngale futhi wafumana umngane wakhe, futhi igama lakhe kwakunguNatanayeli, wathi, “Woza, ubone ukuthi Ubani engimfumene.” Wayengaphansi komuthi ekhuleka ngenkathi emthola. Wathi, “Woza, ubone ukuthi Ubani esimfumene, uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa.”

Wathi, “Kukhona okuhle okungavela eNazaretha na?”

Wathi, “Woza, ubone.” Endleleni ngokuzungeza, akungabazeki wamtshela okwakwenzekile.

¹⁰⁷ Ngenkathi enyukela phambi kukaJesu, uJesu wathi, “Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!” Futhi wayengaba umArabu, wayengaba ngumGreki, bonke babegqoka ngokufanayo, umshuqulo nengubo ende, kodwa Wathi, “UngumIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!”

Wathi, “Rabi, nini. . . Ungaze kanjani na? Ungazelaphi na?”

Futhi Wathi, “Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona,” amamayela angamashumi amathathu ukuzungeza intaba. Lowo kwakunguJesu izolo.

Wathini lomJuda, lona wangempela, umJuda weqiniso na? Wathi, “Rabi, UyiNdodana kaNkulunkulu; UyiNkosi ka-Israelayeli.”

UJesu wathi, “Ngoba Ngikutshele lokho, uyakholwa na?”

¹⁰⁸ Wathini umJuda, owangempela, ongowoMthetho, obukeka ekhaliphile na? Wathi, “UnguBelzabule, umbhuli, udeveli.”

¹⁰⁹ UJesu wathi, “Ngiyanithethelela ngalokho, kodwa nxa uMoya oNgcwele esefikile futhi enze into efanayo, awusoze wathethelelwa khona ukukhuluma umelane naWo. Ukuhlambalaza uMoya oNgcwele.”

¹¹⁰ Ngenkathi Ehlangana nowesifazane ongumSamariya emthonjeni, Wathi, “Sifazane Ngiphuzise.”

¹¹¹ Wathi, “Umthombo ujulile, Awunalutho lokukha, futhi akusilo isiko kini maJuda ukuba nisicele thina maSamariya lokho.” Babenomthetho wokwehlukana, njengoba kunjalo ezingxenyeni zaseNingizimu ngekhala nomhlophe, umthetho wokwehlukana. “Asidlelani omunye nomunye.”

¹¹² Wathi, “Kodwa ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma naye, ubuyocela kiMi amanzi; Bengizokunika amanzi ungezi lapha ukuzophuza.” Ingxoxo yaqhubeka, Wayenzani na? Exhumana nomoya wakhe. Futhi ngenkathi Ethola ukuthi yayiyini inkathazo yakhe... Bangaki owaziyo ukuthi yayiyini inkathazo yakhe na? Wayehlala namadoda amahlanu. Futhi Wathi, “Hamba ulande indoda yakho uze lapha.”

Wathi, “Anginayo.”

Wathi, “Kunjalo, ubunayisihlanu, nale onayo manje ayisiyo indoda yakho.”

¹¹³ Manje bhekisisani ukuthi wathini: “Mnumzane, unguBelzabule”? Qhabo. “Lokho ngukufunda umcabango”? Qhabo. Kwakuyini na? Wayebheke into ethize ukuba yenzeke. Wayazi ukuthi isikhathi sasesiseduze. Wathi, “Mnumzane, ngiyabona ukuthi UngumProfethi wena.” Wathi, “Thina, thina maSamariya siyazi ukuthi nxa uMesiya efika, Uzokwenza lezizinto, Uzositshela lezizinto.” Kodwa wayengazi ukuthi WayenguBani.

Wathi, “NginguYe, okhuluma nawe.” [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

Futhi wagijimela emzini, wayesethi, “Wozani, nibone uMuntu Ongitshela engikwenzile. Akuyena yini uMesiya Lona na?”

¹¹⁴ Kodwa khumbulani, Akazange akwenze lokho ngaphambi kwanoma yimuphi oweZizwe, futhi Watshela abafundi baKhe, “Ningayi kwabeZizwe.” Ngani na? Lona ngunyaka wabo. Lokho kwakungukuvalwa kweJuda, leso kwakuyisibonakaliso sokugcina amaJuda asemukela. Bangaki okwaziyo lokho na?

AmaJuda namaSamariya. Futhi lesi yisibonakaliso sokugcina kwabeZizwe; sisemgwaqeni ophelayo.

¹¹⁵ UNkulunkulu wenza umphimbo wami ube ngconywana, ngifuna ukuzama ukushumayela kancane kuleliviki, uma uNkulunkulu ethanda, uma umphimbo wami uba kanjalo ukuze ngikwazi. Kulungile. Sisesikhathini sokuphela manje. Ngifuna ukukhuluma ngalokho, *Isikhathi Sokuphela*, mhlawumbe ngeSonto ntambama noma ngobunye ubusuku. Manje hloniphani ngokuzithoba.

¹¹⁶ Manje, uJesu wathi, ngenkathi... kuJohane oNgcwele 5:19. “Ngiqinisile, ngiqinisile Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo.” Ngabe kwakuyiqiniso lelo na? Wayengaqamba amanga na? Hhayi futhi abe yiNdodana kaNkulunkulu. “INdodana ingenze lutho ngokwaYo, kuphela lokho Ebona uYise ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza kanjalo.”

¹¹⁷ Ngakho manje-ke, uJesu wakhuluma iqiniso ngaleyonkathi; Wadingeka akhulume iqiniso, WayeyiNdodana kaNkulunkulu. Ngakho Akazange enze nesisodwa isimangaliso uNkulunkulu waze waMkhombisa, kuqala, ukuthi akenzeni. Bangaki owaziyo ukuthi lelo yiqiniso na? Akukho nesisodwa isimangaliso uNkulunkulu waze waMkhombisa, kuqala, ukuthi akenzeni.

¹¹⁸ Manje, uJesu Kristu, nguyena izolo, namuhla, naphakade. Khona-ke ukuzimemezela Yena uqobo kulesisizukulwane, Uzofanele enze okufanayo ukuze afane. Ngabe kunjalo na? Bangaki okukholwayo lokho manje na? Phakamisa isandla sakho.

¹¹⁹ Manje, kinina abasha abaphendukile, nakini abaqala ukufika: Uma uJesu ezobonakala lapha enkundleni futhi uzokwenza into efanayo Ayenza emuva lapho ngalezozinsuku, ukufakazisa ukuthi sisekupheleni konyaka... Futhi akukaze onyakeni okwake kwaba khona kuze kube manje, ngicela noma yimuphi usomlando ukuba angilethele umlando, akukaze kube khona, kuze kube yilonyaka, khona manje, eminyakeni embalwa edlule, iminyaka emihlanu noma eyisithupha edlule, akakaze Akwenze, nhlobo.

¹²⁰ Owesifazane wathinta ingubo yaKhe, Wayesethi, “Ubani oNgithintile na?” Akakuzwanga. Ngani Wayene... Ingubo yasePalestine inengubo yangaphansi, nengubo ende exegayo, futhi wathinta eyaKhe, umphetho wengubo yaKhe, owawulenga kude *kangako* ukusuka emlenzeni waKhe. Wathi, “Ubani oNgithintile na?”

Ngani, uPetrus waMkhuza, wathi, “Wonke umuntu uyaKuthinta.”

¹²¹ Wathi, “Kodwa Ngibe buthakathaka, amandla aphumile kiMi.” Futhi Waqalaza waze Wathola owesifazane, futhi Wamtshelela ukuthi yayiyini inkathazo yakhe futhi wathi

ukukholwa kwakhe kwakumphulukisile. Bangaki okwaziyo lokho na?

¹²² Bangaki owaziyo ukuthi iNcwadi yamaHeberu iyasho ukuthi uJesu Kristu ungumPristi oMkhulu, namhlanje, *namhlanje*, onokuzwelana nobuthakathaka bethu na? Ngabe kunjalo na? Ubeyokwenza kanjani na? Thina . . . UnguMvini, singamatsha. Umvini awutheli isithelo, amatsha ayathela. IBandla lingabathwali bezithelo namhlanje. Niyabo? Isandla sami yisandla saKhe, izandla zakho yizandla zaKhe, amehlo akho namehlo ami ngamehlo aKhe, Usisebenzisa nje njengamatsha azinikele.

¹²³ Baba Nkulunkulu, konke okunye kungokwaKho manje. Makwazeke kulobubusuku, ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu evukile kwabafileyo. Siyakhuleka, eGameni likaJesu. Amen.

¹²⁴ Ake sibone, si . . . Ngiyakholelwa e . . . Bekuyini lokho u-H izolo ebusuku, futhi u-X kulobubusuku na? Kulungile, sikhuphule cishe amashumi amabili noma amashumi amabili-nanhlanu izolo ebusuku, ngiyacabanga. Asizange yini, emgqeni na? Asiqale emashumini amabili-nanhlanu kulobubusuku, u-X, amashumi amabili-nanhlanu. Siqala nje noma yikuphi, akunandaba. Ubani ono-X, amashumi amabili-nanhlanu na? Buka ikhadi lakho manje, une . . . Inenekazi laphaya? Ungeza khona lapha, dade na? Amashumi amabili-nanhlanu, amashumi amabili-nesithupha. U-X, amashumi amabili-nesithupha, ungasiphakamisa isandla sakho ngokukhulu ukushesha na? Buka ikhadi lakho, umakhelwane wakho. Omunye . . . Uma omunye wabangenisi ubengabhekisisa lelinenekazi lapha, mhlawumbe alikwazanga ukuphakamisa isandla salo, lisesihlalweni esinamasondo. Kulungile.

¹²⁵ U-X, amashumi amabili-nesithupha, phakamisa isandla sakho, ngokushesha. Kulungile. Amashumi amabili-nesithupha, amashumi amabili-nesikhombisa. Kunjalo, phakamisa isandla sakho ukuze ngikwazi ukukubona, ngokukhulu ukushesha. Manje amashumi amabili-nesikhombisa, ukuze sikwazi . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

¹²⁶ “ . . .umlomo wofakazi ababili noma abathathu, onke amazwi mawaqiniswe.” Manje, ngizonicela ukuba nenze into eyodwa: Hloniphani nje ngokuzithoba ngakho konke eningakwenza. Ningayaluzi, hlalani nithule ngempela.

¹²⁷ Bangaki ongenalo ikhadi lomkhuleko, futhi ufuna uNkulunkulu akuphulukise na? Phakamisa isandla sakho. Uthi . . . Phakamisa isandla sakho ukuze ngibone ukuthi ukuphi. Kulungile. Manje yenza lokhu, lokho kukuzo zonke izigaba na—nakuyo yonke indawo: Bheka nje kuNkulunkulu bese uthi, “Nkosi Nkulunkulu, uma leyondoda ingitshele iqiniso, khuluma kimi. Ngiyakholwa ukuthi UngumPristi oMkhulu ohlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu, futhi ngiyakholwa

ukuthi Ungathintwa umuzwa wobuthakathaka bami. Futhi uma Unguye izolo naphakade wenza lokho emgqeni womkhuleko, khona-ke Ufanele ufane ukukhuluma nami. Manje, ngibheka kuWe, futhi ngokukholwa ngiyakholwa ukuthi ngithinta ingubo yaKho. Futhi manje, uma Unguye, futhi manje Wena unguMvini, futhi thina singamagatsha aKho, khona-ke khuluma ngoMfowethu Branham futhi umenze angibize.”

¹²⁸ Ngiphosela inselelo ukukholwa kwenu eGameni likaKristu, ukuba nenze lokho futhi nibone uma Ekwenza! Niyabo? Akulutho... NgumBhalo nje. Bangaki owaziyo ukuthi konke lokho ngumBhalo na? Impela, yiwo, isithembiso sikaNkulunkulu.

¹²⁹ Manje, uma unjiniyela ezobhekisisa, ngiyazi lemayikrofoni ayizwakali kakhulu, futhi angazi... Lapho u—umbono ufika, ukwelinye izwe, awu ngisho... u—u... Angazi ukuthi ngithini qobo lwami, ngifanele ngikusho nje ngisabuka. Ngenkathi ngiphuma embonweni... Yingalesosizathu ngingathathi abaningi kakhulu, ngoba ungeke usho ukuthi ngumbono noma qha, niyabo, futhi awazi ukuthi yikuphi. Kodwa hloniphani ngokuzithoba nje. Ngibone abaningi njengamashumi amahlanu bedlula ngesikhathi. Uma ukukholwa kukuhle, angiMkhulumeli kakhulu, mabadlule nje.

¹³⁰ Kodwa manje, lapha... Ngi... Bangaki phakathi lapha abayizihambi kimi engingamazi na? Phakamisani izandla zenu, wonke umuntu owaziyo ukuthi angikwazi. Awu, kungamaphesenti ayikhulu.

¹³¹ Ubuphakamise isandla sakho, nawe, nenekazi na? Kulungile-ke, siyizihambi omunye komunye. Manje nangu owesifazane nowesilisa. Manje, kubantu bakini lapha, asithathe isikhathi sethu nje manje cishe... Sinemizuzu eyishumi-nanhlana ukuba siphume ngesikhathi.

¹³² Manje buka, lokhu ngukuhlangana kwethu kokuqala, angikaze ngikubone empilweni yami, futhi mhlampe lesi yisikhathi sethu sokuqala ukuhlangu. Uma lokho kunjalo, ungasiphakamisa nje isandla sakho na?

¹³³ Manje ngifuna nibhekisise, izethameli, lapho ngempela ushaya ikholwa langempela, bhekisiani ukubonakala kobuso babo ngokushesha nje lapho lologcobo lubashaya.

¹³⁴ Bangaki osibonile isithombe (Senisikhombisile okwamanje na?) seNgelosi yeNkosi na? Ake sibone izandla zenu manje. Ya. Kulapha manje. Niyakhumbula, lokho okuqinisekiswa yiFBI, inhloko yayo. Niyabo? Manje, leyo yiNgelosi yeNkosi, ebengi... Uma ngi... Uma lena kuyintshumayelo yami yokugcina ukushumayela, uma lesi kuyisikhathi sami sokugcina sokubonakala emphakathini, kunezigidi zabantu beBandla bayazi ukuthi lelo yiqiniso, nezwe lesayense ngeke lakuphika, ngoba kufakazelwe ngokwesayense. Izwi lami beliyiqiniso,

ngoba uNkulunkulu uliqinisekisile ngeBandla laKhe, futhi Uliqinisekisile ezweni lesayense.

¹³⁵ EJalimane, bathathe izithombe ezintathu, bathathe ikhamera enkulu base behlala lapho, base bebuza ukuthi bebengasithatha yini. Ngenkathi ugcobo lwehla, kwakwenza. Kwenza into efanayo eSwitzerland, kanjalo, izithombe ezinkulukazi zaKho. Banazo ziphakeme njengalomsamo lapha eJalimane. Niyazi ukuthi bangaki abeza eNkosini, lokho, kulowomhlangotho enganginawo lapho na? Izinkulungwane ezingamashumi amahlanu ngobusuku obuhlanu eJalimane, lokho ngubukhomanisi, futhi, iningi labo.

¹³⁶ Amakhomanisi angamakhomanisi ngoba ibandla lenzela phansi. Kunjalo impela. Bayokhonza uNkulunkulu wangempela, kodwa Ufanele abe ngowangempela. Angibasoli. Kunjalo. Uma uNkulunkulu enguNkulunkulu, Makabe nguNkulunkulu; uma kungenjalo, khona-ke asingcono ukuba ngokaMohamede, sibe nguBuda, noma yini. Asikholwe uNkulunkulu wangempela.

¹³⁷ Manje nasi isithombe. Manje, uma uKristu ehlala efana, okuyindikimba yemikhankaso yami—yami. Unguye izolo, namuhla, naphakade, futhi nangu owesifazane, futhi sobabili... Angazi noma ungumKristu noma qha, ngicabanga ukuthi unguye. Umele into ethize lapha, angahle abe ngumgxeki, angahle abe ngumzencisi, angahle abe ngumphikinkolo, angahle ukuba uyagula futhi uyadinga, angahle abe ngongcwele kaNkulunkulu, angazi, lesi yisikhathi sethu sokuqala ukuhlangotho. Kodwa uma uMoya oNgcwele uzokwembula kulona wesifazane, njengoba Enza kowesifazane emthonjeni, akuzele lapha... Futhi uma engumgxeki, bhekisisa ukuthi kwenzekani kuye, mbhekisise nje.

¹³⁸ Bangaki oke waba semihlanganweni ngenkathi ubona abagxeki beza na? Bahlezi bekhubazekile, behlanya, nakho konke okunye. Niyabo? Kulungile. Manje bhekisisani ukuthi kwenzekani.

¹³⁹ UNkulunkulu waseZulwini usaphila. Manje, ngibamba izandla zami, angimazi owesifazane. Lokhu ngukuhlangana kwethu kokuqala. Wenza okufanayo, akangazi.

¹⁴⁰ Manje, uma lokhu kunjalo, asithi, njengowesifazane emthonjeni, kuphela sobabili singabantu abangama-Anglo-Saxon, abantu abamhlophe, kodwa owesifazane nowesilisa, into efanayo. Manje, uma bengingakhuluma naye umzuzwana nje futhi ngimtshele, awu, bengiyothi, “Sifazane, uyagula, uzosinda, qhubeka,” ubeyoba nelungelo lokukungabaza lokho. Kodwa uma-ke uNkulunkulu ebuyela emuva futhi amtshela okuthize emuva ngaleya akwaziyo ukuthi kuyiqiniso noma qha na? Lokho bekuyoba yi... lokho bekuyokulungisa. Bekuyolunga yini, nenekazi na? Kunjalo. Kulungile. Manje, kwangathi iNkosi ingakupha.

141 Bangaki kini abazokholwa, uma Ezokwenza lokhu kulona wesifazane, khona lapha na? Khumbulani, maKristu, ngikhulekeleni, ngimi lapha eGameni laLowo enimthandayo, futhi ngiyamthanda: uJesu Kristu. Futhi uma uNkulunkulu egcina lesisithembiso, Uzicina zonke izithembiso.

142 Manje, ulapha ngesizathu esithize, angazi, uNkulunkulu uyazi. Owesifazane ufuna ngimkhulekele, ngesimo sokwethuka esinzima anaso. Uthola amalumbo ayisigayegaye ngempela amfikelayo, futhi ikakhulukazi engxenyeni yokuphela yosuku, uba buthakathaka ngempela. Lelo yiqiniso. Futhi, unokuthile okungalungile ngomphimbo wakho ofuna ngikukhulekele.

143 Uyazi ukuthi Into ethize iseduze kwakho, awunjalo na? Umfowenu ubengeke akwenze uzizwe kanjalo. Khona phakathi kwami nawe kumi lokho kuKhanya okubone kulesosithombe.

144 Awusuye owakulelizwe, ungowakwelinye izwe, futhi ukhulekela umuntu olapho, futhi leyo yi—yindoda esikhulile, nguyihlo. Futhi unokuthile okungalungile ngokuphefumula kwakhe. Kunjalo. Futhi lokho kuseMaryland, akunjalo na? Buyela, uNkulunkulu ukunika isifiso senhliziyo yakho, eGameni leNdodana yaKhe, uJesu.

145 Unelisekile ukuthi iNkosi uJesu iyaphila futhi iyabusa na?

146 Wena uthi, “Mfowethu Branham, yini leyo na?”

147 Uzinikela wena uqobo, kungukuzinikela kuMoya oNgcwele. Wena ogulayo nohluphekile, zinikele kuMoya oNgcwele, ukuba ukholwe. Niyabo? Zinikele nje. Manje, phandle lapho, uyakholwa na? Uyakhuleka na?

148 Manje, inenekazi lapha, siyizihambi komunye nomunye, ngabe siyizo, dadewethu othandekayo na? Siyizo. Awu, sazalwa iminyaka ngokwehlukana, kodwa uNkulunkulu usazi sobabili.

149 Manje umzuzwana nje, ngiyakubona ukubukeka kowesifazane, usempunga ekhanda, uyakhuleka. Anikuboni lokho na? Bukani lapha, khona lapho, inenekazi elihlezi khona lapho lingibuka ngqo, lithi ukuba nekhanda elimpunga, lingaleya ngqo kowesifazane onezinwele ezimnyama lapho, lithi alibe elesithathu ohlwini, ligqoke omncane, ukhololo oyisikoshi. Liyakhuleka ngoba linenkathazo yenhliziyo futhi lifuna uNkulunkulu aliphulukise. Lelo yiqiniso impela. Uyakhukholwa, nenekazi, ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Uyakwemukela na? Kulungile, phakamisa isandla sakho. Kulungile. Inkathazo yakho yenhliziyo isikushiyele manje.

150 Uthinte into ethize, awuyithintanga na? Kulungile. Bekungemina, uqhele ngamafidi angamashumi amane kimi, kodwa uthinte umPristi oMkhulu.

151 Okulula, ukukholwa okunjengokomntwana ukuba ukholwe. Hlonipha ngokuzithoba manje. Kholwa nje ngayo yonke inhliziyi yakho.

¹⁵² Siyizihambi, wena ushilo, komunye nomunye. Uma iNkosi uNkulunkulu izokwembula kimi, dadewethu, ukuthi uzele ini lapha...Nginomama omdala ekhaya, kulobubusuku, engikhulekela. Lapho ngibona noma ubani mhlawumbe obengumama futhi esegugile, inhliziyo yami iyaphuma nje. Uyagula, futhi, unesimo sokwethuka. Kodwa lolo akusilo uhlobo lokwethuka, lu...okwakho, ukukhathazeka ngento ethize. Akukhona u—ukwethuka, njengokuqhaqhazela nje, kodwa uma ukhathazeka ngento ethize, unokwethuka. Nawe, futhi, amehlo akho kade eya ngokuba mabi kakhulu, ayaphuma sengathi, ayaphuphutheka. Nokuthi ungahle wazi kimi ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu: Uphethwe umkhuhlane omubi khona manje, futhi. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI.

¹⁵³ Lezozinto ziyiqiniso, azinjalo na? Uma lokho kunjalo, ungasiphakamisa nje isandla sakho ukuze abantu babone na? Manje, uyakholwa na?

¹⁵⁴ Manje bhekisisani, kukhona okuthize ngowesifazane, ukhathazeke ngento ethize. Futhi uma uNkulunkulu ezokwembula ukuthi yini akhathaz-...Bengingamedlulisa manje, ngoba ngikholwa ukuthi uzokuthola akucelile. Yilokho inkathazo yakhe ebizikho, angazi ngize ngizwe iteyipu futhi.

¹⁵⁵ Kodwa manje, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ubengembula lokho ophatheke kabi ngakho na? Bangaki okholwayo ukuthi Ubengakwenza na? Manje, ngikholwe nje ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu. Uyakholwa, ngiyazi uyakholwa, nenekazi. Manje, yebo, owesifazane ukhathazeke ngendodana, noma, indodana engumzukululu, kunjalo, futhi leyondodana engumzukululu inokucindezeleka kwamademoni, nje icindezelekile futhi iphatheke kabi. Futhi Ayikho lapha, ayikho ngisho nakulelizwe, ingeyase-Ohio, edolobheni elinekolishi kulo, okuyiChillicothe, e-Ohio. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI.

¹⁵⁶ Uyayikholwa iNkosi uJesu, ukuthi Iyaphila na? Niyabo?

¹⁵⁷ INkosi uNkulunkulu imuphe udadewethu isifiso sakhe. Amen.

¹⁵⁸ UNkulunkulu akubusise, dadewethu, akunike isifiso senhliziyo yakho.

¹⁵⁹ Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke, manje wonke umuntu na? Manje, ngicabanga ukuthi lokho okungenani kuthathu, kodwa ake sithi nje kancanyana. Kulungile, letha inenekazi elilandelayo.

¹⁶⁰ Sawubona, nenekazi eliselincane? Lokhu ukuhlangu kwethu kokuqala na? Ngukuhlangana kwethu kokuqala. Uyakholwa ukuthi iNkosi uJesu ivukile kwabafuleyo na? Uma iNkosi uNkulunkulu, oMbona ekwenza...Manje, niyazi kuzofanele kufike ngokungaPhezu kwemvelo. Awu, kuya ngokuthi ucabanga ukuthi kuyini: Uma ucabanga ukuthi

ngu—ukuthi ngu—ngudeveli omubi, khona-ke uthola umvuzo wakhe; uma ukholwa ukuthi yiNkosi uJesu, ngokwesithembiso saKhe, ebengikushumayela, khona-ke unomvuzo waKhe. Ngeke ngakusho mina uqobo ukuthi ubuyokholwa yini, uNkulunkulu ubengangitshela, angazi.

¹⁶¹ Manje hlonipha ngokuzithoba nje ngempela.

¹⁶² Uhlezi lapho, ubambile, wesula ekhaleni lakho kanjalo, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ukuphulukisile kuleyokathazo yesifuba na? Uyakholwa na? Sekuphelile manje, ungaya ekhaya, uphile.

¹⁶³ Yenza nje njengowesifazane omncane, ubehlezi lapho ngenkathi ngisho esikhashaneni esedlule, ubekhuleka enhliziyweni yakhe ukuthi uNkulunkulu ubezothi kimi... “Makuthi yena...” mangikhulume naye, ngokuba ubedinga kabi kabi. Yisimo sokwethuka esinokuminyana lapha esifubeni sakhe. Kunjalo impela. Uma lokho kunjalo, nenekazi, phakamisa isandla sakho, inenekazi elincane elihlezi lapho khona manje, ngqo... Kunjalo. Niyabo? Niyabo?

¹⁶⁴ Bengiyokwazi kanjani ukuthi belikhuleka mayelana nani na? Kungani ngaze izwi elilisho kuNkulunkulu na? Niyabo? Ungeke waMcashela, uyazi. U—Ulapha, uBukhona beNkosi.

¹⁶⁵ Nenekazi eliselincane, uma iNkosi izongembulela ukuthi yini oyizele lapha, uzongikholwa ukuthi ngiyinceku yaYo, uyakholwa ukuthi uKristu ufuna ukufinyelela kuwe, lokho okudingayo na? Uma bengingakusiza, futhi ngingakwenzi, bengiyoba ngumuntu omubi kabi, bengineke ngifaneleke ukuma lapha kulokho okubizwa ngepulpiti, bengiyoba yindoda embi, kodwa ngilapha ukuba ngikusize, uma ngingakwazi. Futhi indlela kuphela engingakusiza ngayo ngukuvumela uMoya oNgcwele wembule okuthile kimi okuzokusiza ukuba ube nokukholwa emsebenzini waKhe osuqediwe.

¹⁶⁶ Uhlushwa yinkathazo yamanenekazi, ukuphazamiseka kwabesifazane. Kunjalo. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uyakholwa. Kade ukhulekela omunye umuntu futhi lapha kamuva, nalowo ngowesifazane, nalowo ngumama wakho. Futhi unesifo sethumbu elikhulu, futhi akekho lapha, futhi akahlali kulesisifunda, uhlala eNtshonalanga Virginia. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Manje kholwa futhi ungaba nakho okucelile. UNkulunkulu akubusise, dadewethu.

¹⁶⁷ Siyizihambi komunye nomunye, ngiyacabanga. Lesi yisikhathi sethu sokuqala sokuhlangana. [Udade ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Ubulapha emhlanganweni izolo ebusuku, kodwa neze...lokhu ngukuhlangana kwethu kokuqala. Angikwazi.

¹⁶⁸ Lokho kubonakale kusondele kakhulu. Qhubeka nje ukholwa.

¹⁶⁹ Uma iNkosi uNkulunkulu, Owavusa iNdodana yaKhe kwabafileyo, futhi si... Niyakholwa ukuthi siphila ezinsukwini zokugcina na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu wethembisa lezizinto na? Uma leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya emuva lapho, ngenkathi iNkosi yethu itshela abantu ukuthi izinkathazo zabo zaziqini, nokunye nokunye, nokuthi babekade bekuphi, nokuthi babengobani, noma enye into ethize enye efana naleyo... Wethembisa ukuthi lezizinto Azenza nathi siyozenza. Futhi lokho kwakungafanele kwenziwe kuze kube sekupheleni kwabeZizwe, ngoba amaJuda namaSamariya ayesevele ekwemukelile.

¹⁷⁰ Uyakholwa ukuthi U... lesi yisikhathi sokuphela, nesibonakaliso sesikhathi sokuphela na? Kwangathi uNkulunkulu anganisiza. Uma abantu besengalizwa iphimbo lami, lona wesifazane unokuthile okuza kuye okungukugongobala, isifo samathambo, okumkathazayo. Futhi ngiyabona unezinhlungu ezinkulu kakhulu ohlangothini lwakho, ube nokuhlinzwa, wakhishwa inso. Kunjalo. Ngibona udokotela, uhlobo lwendoda eqatha, uhlobo olulodwa lwende, indoda ezacile, futhi bathatha inso. Awusuye owakulelidolobha, ungowasendaweni ebizwa nge-Elkton, futhi igama lakho nguMaude McDaniels. Uyakholwa manje ngayo yonke inhliziyi yakho na? Khona-ke hamba ngendlela yakho futhi uthokoze, futhi uNkulunkulu abe nomusa kuwe.

¹⁷¹ Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Yiba nokukholwa nje kuNkulunkulu, ungangabazi.

¹⁷² Uyakholwa ukuthi lezozinyawo zizosinda na? Uhlezi lapha ohlwini olungaphambili. Nguwe obemMthinta esikhashaneni esedule. Kulungile. Zizophila.

¹⁷³ Ukhumule izibuko zakho, uhlezi lapho wesula ikhala lakho kanjalo. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? Uyakholwa na? Ufuna usizo, nawe, awufuni na? Inkathazo yakho isemahlombe akho. Uma lokho kunjalo, phakamisa izandla zakho. Konke sekuhambile.

¹⁷⁴ Kuthiwani ngawe ophakamise izandla zakho, eceleni kwakhe lapho na? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu, noma, inceku yaKhe na? Uyakholwa na? Izinkathazo zakho ngezandla zakho yilokho ofuna uNkulunkulu ukuba ku—kukhulekelwe. Kunjalo. Manje hambani futhi nemukele ukuphulukiswa kwenu, nonke.

¹⁷⁵ Siyizihambi omunye komunye, angikwazi, angikaze ngikubone, lesi yisikhathi sethu sokuqala ukuhlangana.

¹⁷⁶ Kukhona okwenzekile, omunye khona ngapha. Yindoda ehlezi khona emuva lapha, uphakamise ikhanda lakho phezu phezu kwalendoda enekhanda elimnyama, uhlushwa yinkathazo yenhliziyi, futhi ufuna uNkulunkulu akuphulukise. Kunjalo. Ubukhuleka futhi ucela uNkulunkulu ngaleyonkathi nje,

“Makube yimi, Nkosi.” Uma lokho kunjalo phakamisa isandla sakho. Kulungile. Yemukela okucelile. Hamba ngendlela yakho futhi uphile. Amen.

¹⁷⁷ Niyakholwa, nonke na? Nganhliziyonye, niyakholwa na?

(Sesisenabo abathathu na? Sibe nabaningi. He! Kulungile.)

¹⁷⁸ Kulungile. Manje hloniphani ngokuzithoba ngempela. Sinendoda emsamo lapha. Umzuzwana nje, isikhathi impela nje. Manje qhubeka nje ukholwa lapho, asazi ukuthi uMoya oNgcwele ungahle wenzeni. Ingabe nenelisekile na? Niyakholwa ngokweqiniso, bangane na?

¹⁷⁹ Bengingeke ngize lapha ukunidukisa, he...Bekuyongisiza ngani na? Ngilapha njengomfowenu, ngiyanithanda, yingakho ngiza. Futhi ngiyamthanda uKristu, noKristu ungithumele lapha, njengoba nje uNkulunkulu aMthumela phezulu eSamariya. Wayengazi ukuthi enzeni, Wayeya eJeriko, kodwa Wayeswelekile ukudlula ngaseSamariya. Ngani na? UBaba waMthumela phezulu lapho. Wathi, “Angenzi lutho aze uBaba aNgibonise.” Wathuma abafundi baKhe le, owesifazane uyenyuka, Uqala ukukhuluma naye, khona-ke Wathola inkathazo yakhe.

¹⁸⁰ Anginazi ukuthi ningobani, niyizihambi kimi. Angazi ukuthi ningobani, kodwa uNkulunkulu ungithumele lapha, futhi ngiza lapha nje futhi ngizinikele kuMoya waKhe, njengoba uKristu enza ngaleyonkathi, futhi Uyangikhombisa ukuthi yini inkathazo yakho, njengaleyonkathi nje. Nalowo wesifazane wagijimela emzini futhi watshela wonke umuntu axhumana naye, “Woza, akuyena yini Lona impela uMesiya na?” Awu, uma lesi kwakuyisibonakaliso sikaMesiya ngaleyonkathi, kuyafana namhlanje uma Enguye izolo, namuhla, naphakade.

¹⁸¹ Nansi indoda. Angikwazi, mnumzane. Ngabe lokhu ukuhlangana kwethu kokuqala na? Uma uNkulunkulu ezongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzokwemukela njengoKristu ezama ukukusiza na?

¹⁸² Manje, asithathe isikhathi sethu nje nalendoda. Uma abesilisa, abesifazane, abantwana kulendlu, lapha, sobabili, asikaze sihlangane ngaphambilini empilweni, lesi yisikhathi sethu sokuqala.

¹⁸³ Manje, lokhu kwenza kube buthakathaka kabi, ningabona ukuthi amaconsi omjuluko aphumela kanjani ezandleni zami, nokunye nokunye. Kuvele nje, kuba kakhulu...Kubukeka sengathi manje kimi, ukuthi lezizethameli nje ziba njengobisi, nxazonke. Yini leyo na? Lokho ukukholwa kwakho kwenza lokho, nguMoya oNgcwele uhlezi esakhiweni, niyabo. O, bekungenzekani na? O, ukuba nje beningephula loloqweqwe oluncane!

¹⁸⁴ Mnumzane, ngiyakubona, insizwa esencane kakhulu kunalokho oyikho manje, nodokotela enikina ikhanda lakhe, ukudelile. Kunjalo impela. Unenkathazo yangaphakathi. Kunjalo. Uyesaba ukuthi ngumdlavuzwa manje. Lelo yiqiniso. Lokho sekube kade. UNkulunkulu wayengabuyela kanjani emuva eminyakeni kanjalo, futhi akwazi wena, okwenzile na? Uhlushwa yi—yinkathazo yendlala, futhi, futhi unenkathazo yesisu, futhi. Kunjalo. Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi ungubani, uzokwemukela manje na? Ngoba UKanye nawe ngqo manje, uyakwazi lokho. UnguMnu. Miller. Kulungile. Kunjalo. Manje hamba ngendlela yakho futhi uthokoze, jabula. UNkulunkulu akubusise.

¹⁸⁵ Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Buka mngane, manje uqhele kakhulu kunoma ubunjalo izolo ebusuku. Uma ngiyinceku kaNkulunkulu, futhi ngikutshela iqiniso, ngikutshela iqiniso, khona manje. Khona manje, nonke, uKristu uvukile kwabafileyo, futhi ngenkathi Efa eKalvari, Wahlubula udeveli onke amandla ayenawo. Niyabo? Seniphulukisiwe manje, ngamunye wenu, futhi ngakho, leli yiqiniso. Yona impela iNgelosi engi...engiholayo, futhi ekushoyo, khona kulesisakhiwo. Kuqala ukubukeka kuthi ukuba i...Ngi—ngikholwa ukuthi ngisanda kukucaphuna nje. Ningacabangi ukuthi ngisangene, kodwa kukhona olukhulu, ugcobo olujulile esakhiweni, khona manje.

¹⁸⁶ Ngiyakholwa uma nizokholwa enginitshela khona, khona manje, ukuthi kuyiqiniso, kuzokuxazulula. Uzokukholwa na? Uzothembisa ukukukholwa na? Yini enye Abengayenza na? Niyabo, angikwazi ukuphulukisa muntu, NguMoya waKhe; hhayi abantu emgqeni womkhuleko, ngabantu phandle lapho, nomaphi. Manje, bheka ngapha nje futhi ukholwe, futhi ubone ukuthi uNkulunkulu akakwenzi yini. Niyabo? Yiqiniso. NguMoya kaNkulunkulu.

¹⁸⁷ Manje, ngizamile ukukubeka ngomBhalo, uNkulunkulu ufikile futhi wafakazisa ukuthi bekuyiqiniso. Manje, uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, iniphulukisa nonke. Manje, yinye kuphela into yokukuvimbela ungabi nakho, lelo yilelo elincane, ithunzi elimnyama phakathi kweNdelela esabisi nawe. Kunjalo. Uma singakhuleka umkhuleko wokukholwa ukwenza lelothunzi lihambe, khona-ke uMoya oNgcwele ungehlela phezu kwakho, njengamazolo omusa, futhi enze wonke umuntu ophakathi lapha asinde, khona manje.

¹⁸⁸ EThekwini, eNingizimu Afrika, phakathi kwabahedeni abaluhlaza, ngenkathi babe...Ngibone izihlalo ezinamasondo eziyizinkulungwane ezingamashumi amabili-nanhlanu, imibhede eyizinhlaka, nodaba lwezinhlaka, baphulukiswa ngesikhathi esisodwa ngenkathi nje enye yalezizinto yenziwa emsamo, izinkulungwane ezingamashumi amabili-nanhlanu. Ngosuku olulandelayo imithwalo yamaveni amakhulu

ayisikhombisa ezinqola, nezinhlaka, nezagila, behla ngesitaladi becula elithi *Kholwa Kuphela*, nezinkulungwane zabamnyama, abomdabu abanqunu behamba emva kwalo becula elithi *Kholwa Kuphela*.

¹⁸⁹ Uma labo bomdabu, abangakaze bezwe ngoNkulunkulu ngaphambili, bebengemukela uKristu futhi bathole lokho, kuthiwani ngathi esigcwaliswe ngoMoya oNgcwele futhi sihlezi eBukhoneni bukaNkulunkulu manje ukubona lokhu kulelizwe eliphucuzekile na? Nkulunkulu yiba nomusa kithi.

¹⁹⁰ Asikhothamise amakhanda ethu. Masibe qotho, makuthi wonke owesilisa nowesifazane babuke kuNkulunkulu njengamanje.

¹⁹¹ Baba oPhakade noBusisiwe, ihora selisondele, abantu bafanele bahambe phezu kwalemigwaqo eshelelayo, futhi ngiyaKubonga ngabo. Futhi O Nkulunkulu, ngizama ngakho konke okukimi kuleliqembu labantu abathembekile, hhayi ukuhudula umugqa womkhuleko, hhayi ukuhudula noma yini, kodwa ukuzama ukubatshele iqiniso leBhayibheli. Futhi Ube nomusa kakhulu kulobubusuku, ukwehla futhi uqinisekise lokho ukuthi kuyiqiniso. IBhayibheli lakho liyasho kumaHeberu 11, “UNkulunkulu uyaqinisekisa, noma, afakaze ngeziphwi zaKhe.” Manje, Nkosi, makuthi uMoya owavusa uJesu kwabafileyo ungene kuwo wonke umuntu eBukhoneni bobuNkulunkulu.

¹⁹² Futhi ngilahla noma yimuphi udeveli, noma yimaphi amandla okungakhulwa okuzozama ukubamba lesi esikhulu, isibusiso somhlaba wonke kulababantu kulobubusuku, ngiyasilahla isitha eGameni likaJesu Kristu! Sathane, shiya lendawo, phuma kulababantu!

¹⁹³ Futhi makuthi uMoya oNgcwele wehlele ngokufuqa okukhulu kwesihlangu, izibusiso phezu kwabantu, futhi ugcwalise ngamunye, futhi ubaphulukise, eGameni likaJesu Kristu.

¹⁹⁴ Uma ningikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu, futhi ngifumene umusa emehlweni enu, angikhathali ukuthi yini engalungile kimi, yimani ngezinyawo zenu futhi niMnike udumo ngokuphulukiswa kwenu futhi nizoba nakho khona manje, eGameni likaJesu Kristu. 

58-0313 Indlovukazi YaseSheba
ENational Guard Armory
EHarrisonburg, EVirginia E-U.S.A.

ZULU

©2026 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org